IMIYALELO KUMFUNDI:

- FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.
- HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle ukubhala.
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.
- FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.


1. Fundisisa indatshana elandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho **EPHELELE.**

# Ulwazi ngezingcingo

**Funda kabanzi ngothelefoni:**





Uthelefoni uyindlela elula yokukhuluma nabantu abakude. Ngomzuzu owodwa ungakhuluma nomngani wakho osedolobheni elilodwa enihlala kulo noma ohlala kwamanye amaprovinsi noma kungaba yikuphi emhlabeni wonkana,ngisho phesheya kwezilwandle phela!



Uthelefoni usebenza ngokwamukela umsindo ngokujwayelekile ngokuxhunywa kwezintambo zikagesi ezibizwa ngenethiwekhi kathelefoni. Le nethiwekhi ixhunywe kumakhompiyutha amakhulu ngowaya ababizwa ngamakhebuli. La makhebuli agqitshwa phansi emhlabathini kanye naseduze nolwandle. Inethiwekhi yethelefoni ibuye isebenzise amaRadiyo nama-Sathelayithi ngaphezu komhlaba ukuze kube lula ukuxhumana.

Igama elithi "telephone" liphuma olimini lwesiGriki elithi "far sound" okusho ukuthi kude kanye nomsindo. Uthelefoni uyindlela eqavile yokuxhumana. Uma ufuna ukuxhumana ngokushesha njengokubiza udokotela noma amaphoyisa, noma ufuna ukushayela emsakazweni noma ufuna ukusebenzisa ibhange. Amabhizinisi nabo uma befuna ukuxhumana namakhasimende kunohlelo oluthile abalulandelayo. Kulula kakhulu!

Ukushaya ucingo sekuvelele kakhulu namuhla. Ungalushaya usendlini kulolu olubizwa nge*Land line*, ungashaya ezigxotsheni ezisemgwaqeni usebenzise ikhadi noma imali ewuhlweza. Ucingo lwasendlini seluhluke kabili. Sekukhona lapho uthenga khona ikhadi elinezinombolo ozifaka ngaphambi kokuthi ufone. Leli khadi libizwa ngokuthi *-Pre Paid.*



Phela sekwaba namaselula futhi okusho ukuthi sekulula kakhulu ukuxhumana ngisho nezithandwa zethu ezisemaphandleni wena ube usebenza edolobheni.

2.3 Uma ucabanga uDudu ufunda liphi ibanga esikoleni? (1)
2.4 UDudu uvuka ngasikhathi sini ekuseni? (1)
2.5 Umama kaDudu uyena omvusayo ekuseni? Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho. (2)
2.6 Kwakwenziwa yini ukuthi ikhompiyutha yakubo kaDudu ikwazi ukwenza konke loku okuthiwa iyakwenza? (2)
2.7 Bhala izinto EZINTATHU okuthiwa zenziwa ikhompiyutha yakubo kaDudu. (3)

**[12]**

## ISIQEPHU B

1. Fundisisa indatshana elandelayo bese uyifingqa ngamagama ANGADLULE kwangama-30

**Ngiyazisa ngemali yami!**

Waphuma unkosikazi Sithole ekilasini lakhe egijima. Phela sekukhona umfundi osewe esihlahleni walimala. Uphuma nje uphuthuma ukuyobona ukuthi ulimele kangakanani. Ngesikhathi ephuma wakhohlwa isikhwama sakhe semali kanye neselula etafuleni. Esikhwameni kwakunemali engamarandi ayinkulungwane. Wethuka kakhulu ngenxa yokulimala komfundi wakhohlwa yikho konke. Nguye lowaya esephikelele emtholampilo. Uthe esahleli emtholampilo elinde amanesi, wakhumbula. Wezwakala esephimisela ethi Maye! Ngiyazisa ngemali yami!

Wabuyela emuva esikoleni esezihudula nje. Abafundi bese klasini. Wathi uma engena wathola itafula lome inhlama. Wavele wabona nje ukuthi kukhona okushaya amanzi. Wathi esamangele kungavumi nokuthi avule umlomo, kwasukuma okuyintombazanyana kwakwaNdlovu, uSithabile, "Mem! Nasi isikhwama sakho ngisithathile ngasigcina kimi ukuze izinto zakho zingalahleki!.

Waphelelwa nangamazwi okubonga! "Ngiyabonga ntombazane yami wethembekile! Kodwa bengizoba mtshingo ubethwa ngubani?

**[10]**

**ISIQEPHU C**

1. Funda incwadi elandelayo bese ulungisa amaphutha akuyona. Amagama esiNgisi azokusiza ukuthi ukwazi ukulungisa kahle amaphutha.

| Family, house, son, letter, there, pipe, your, blame myself |
|---|

P.O. Box 15
Emmpangeni
3880
20 Mashu 2000

Baba

Ngibhala <u>le nkhwadi</u> ukuxolisa ngesenzo sami. Namuhla <u>sengiyzisola</u>. Sengicela ukubuya <u>lapo</u> ekhaya sihlale ndawomye sibe <u>ngumndoni</u> owodwa.

Lapha ngihlala khona ngilala <u>epayipeni</u>, anginayo <u>idlu.</u> Siza impela Khubazela kamavovo.

Yimina <u>idodana</u> <u>yako.</u>
UNsimbhi


[4]

2. Sebenzisa izabizwana njengoba uyaleliwe ezikokeleni.

2.1 <u>Abazali</u> nezingane zabo balungisela ukuhamba ekuseni. (Isabizwana soqobo)
2.2 (Sokukhomba eduze) izingane zizothwala izikhwama zazo ezinkulu.
2.3 Umfana uzama ukuvala <u>isikhwama</u> sakhe esikhulu. (Isabizwana soqobo)
2.4 Bazohamba –ne kuphela uma sebeqedile. (Isabizwana sokubala)
2.5 (Sokukhomba buqamama) imoto abazohamba ngayo isegaraji.

[5]

3. Buka isithombe esilandelayo bese wakha imisho yakho usebenzisa lezi zingcezu zenkulumo ozinikeziwe.



3.1 Ibizo – Isigaba 2
3.2 Isihlanganiso > ngoba
3.3 Isibaluli >-mnandi
3.4 Isenzukuthi >qwa

**[6]**

4. Buka lesi saziso bese ushintsha amagama asezikokeleni uwenze abe Izinciphiso. Bhala igama bese ubhala isinciphiso **KUPHELA.**

Isibonelo: **Iduku> idukwana**

## ISAZISO

(MPHAKATHI) WASEGAMALAKHE NIYACELWA UKUBA NONGE AMANZI.

QAPHELANI LOKHU OKULANDELAYO:
Utshani mabunganiselwa (ngamapayipi.)
Vala uqinise (umpompi.)
(Izimoto) azigezwe (ngamabhakede) ngoba amapayipi ayawamosa amanzi.
Uma ugeza sebenzisa amanzi amancane.

SIVELA

KUMPHATHI (WEDOLOBHA.)

**[6]**

5. Shintsha amagama abhalwe ezikokeleni uwenze abe ondaweni. **DWEBELA** igama emshweni.

Isibonelo: (i) UZama ubeka imali yakhe (ibhange) njalo.
(ii) UZama ubeka imali yakhe <u>ebhange</u> njalo.

5.1 UTholakele uhamba nabangani bakhe engacelanga (umama)
5.2 Izingane zithenge uswidi wazo omnandi (uWoolworths)
5.3 Kade kufike abahlengikazi (isikole ) sethu.
5.4 Angifuni ukuya (ulwandle) ebusika ngoba kuyabanda.
5.5 Udadewethu omdala uhlala ( ifulethi) nabangani bakhe (edolobha.)

**[6]**

6. Sebenzisa izimo zokukhuluma ozinikeziwe lapha ukwakha imisho yakho.

6.1 Amathe nolimi
6.2 Consisa amathe.

**[4]**

7. La magama anezincazelo eziningi lilinye. Wasebenzise emshweni emibili ehlukene lilinye ukuze kuvele ukuhlukana kwencazelo.

7.1 Inyanga
7.2 Isonto
7.2 Isifuba

**[6]**

**8.** Bhala usho ukuthi kuthiwani lapha uma kushiwo izingane zalezi zilwane. Bhala igama **KUPHELA**.

(i) Ingane yomuntu **<u>umntwana</u>**

8.1 <u>Ingane yebhubesi</u> idla inyama.
8.2 Inyoni ihleli esidlekeni <u>nengane yayo</u>.
8.3 Inyamazane idla utshani <u>nengane yayo</u>.
8.4 Inkomo incelisa <u>ingane yayo</u> esibayeni.

**[4]**

**ISAMBA [80]**